Isifundo 11

** 7–13 Ndasa*

Kusuka Empini Kuye Ekunqobeni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Efesu 6:12, Daniyeli 10, Ezra 4:1-5, Joshuwa 5:13-15, Isamb. 1:12-18, Kolose 2:15, Rom. 8:37-39.

Indimana Yekhanda:
"Wathi: 'Ungesabi, muntu othandekayo; ukuthula makube kuwe; qina, yebo, mawuqine' " (Daniyeli 10:19).

UDaniyeli 10 uyisingeniso sombono wokugcina kaDaniyeli, oqhubeka ezahlukweni 11 no 12. Sitshelwa zisuka-nje ukuthi lombono uphathelene "nokungquzulana okukhulu" (Dan. 10:1). Ngesikhathi uDaniyeli 11 etshengisa eminye imininingwane yalokungquzulana, uDaniyeli 10 ubonakalisa umkhakha wawo wasekukholweni, atshengise ukuthi ngemuva kwezimpi zasemhlabeni kukhona impi yomphefumulo ebandakanya umhlaba namazulu. Uma sizofunda lesahluko, sizobona ukuthi uma sithandaza, siyabandakanyeka kulempi ngendlela enomthelela omkhulukazi. Kodwa asisodwa ekuzabalazeni kwethu; uJesu uyayingena lempi elwa noSathane. Sizofunda ukuthi okuyiyona-mpi ngempela esiyilwayo akusiyo elwa nababusi basemhlabeni, kodwa ababusi bobumnyama.

Njengoba umphostoli uPawulu washo emakhulwini eminyaka ngemuva kukaDaniyeli: "Ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bezwe balobu bumnyama, nabawomoya bobubi emkhathini" (Efesu 6:12). Okusalayo ukuthi ukunqoba kwethu kulempi kwencike kuJesu Krestu, okunguYena yedwa owahlula uSathane esiphambanweni.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 14 Ndasa.*

Ukuzila Ukudla Nomthandazo, Futhi

Funda kuDaniyeli 10:1-3. Siphinda simthola enzani uDaniyeli?

UDaniyeli akazisho izizathu zokuqhubeka kwakhe nokuzila. Kodwa ukushweleza okunomdlandla onje noma kanjani kuqhutshwa yisimo samaJuda, asanda kubuyela ePalestina evela eBhabhiloni.

Funda kuEzra 4:1-5. Yiziphi izinselele ezibhekene namaJuda ekubuyeleni kwawo ekhaya?

Siyazi ngokufunda uEzra 4:1-5 ukuthi ngalesikhathi amaJuda ayebhekene nempikiswano enkulu ngesikhathi ezama ukwakha kabusha ithempeli. AmaSamariya athumela imibiko yamanga esigodlweni sasePheresiya, efaka inkosi umoya wokuthi ayivimbe lomsebenzi wokwakha. Ngaphansi kwezimo ezibucayi kanje, amasonto amathathu uDaniyeli ushweleza kuNkulunkulu ukuba aphefumulele uKoresi avumele umsebenzi ukuba uqhubeke. Ngalesikhathi uDaniyeli wayengalinganiselwa eminyakeni engu 90 ubudala. Akazicabangeli yena, kodwa ucabangela abantu bakubo nezinselele ababhekene nazo. Uyaphikelela ukuthandaza amasonto amathathu agcwele ngaphambi kokuthola impendulo kuNkulunkulu. Ngalesikhathi, umprofethi ulandela uhlelo lokudla okulula kakhulu, engadli izibiliboco, engagcobi nomzimba. Akakunakile nakancane ukuthokomala nokubukeka kwakhe, ukhathazeke ngenhlalakahle yamaJuda akubo eJerusalema, elingamamayela ayinkulungwane ukusuka eBhabhiloni. Uma sibuka impilo kaDaniyeli yomthandazo, sifunda izifundo ezilusizo. Okokuqala, sidinga ukubekezela emthandazweni, ngisho noma izicelo zethu zingaphendulwanga ngaleso sikhathi. Okwesibili, asibe nesikhathi sokuthandazela abanye. Kukhona okuthile okukhethekile ekuthandazeleni abanye. Khumbula ukuthi "UJehova wambuyisa uJobe ekuhluphekeni , lapho ekhulekela abangane bakhe;" (Jobe 42:10). Okwesithathu, umthandazo uqhuba uNkulunkulu ukuba enze into ebambekayo, eyangempela. Ngakhoke asithandaze njalo, zonke izinhlobo zemithandazo. Uma sibhekene nezilingo ezingabekezeleki, izinkinga ezinkulu, nezinselele ezesabekayo, asiyise imithwalo yethu kuNkulunkulu ngomthandazo (Efesu 6:18).

Funda kuDaniyeli 10:12. Lokhu kusitshelani mayelana nokuthi umthandazo wenza ukuthi uNkulunkulu enze okuthile, hhayi-nje ukuthi wenza thina sizizwe kamnandi ngoNkulunkulu?

Umbono Wesikhulu

Funda kuDaniyeli 10:4-9. Kwenzekani kuDaniyeli lapha?

Njengoba uDaniyeli echaza lokho akubona, asikwazi nokucabanga ngenkazimulo ayibona. Lokho kubonakala komuntu (Dan. 10:5, 6) kusikhumbuza "iNdodana yoMuntu" eyabonakala embonweni wokwahlulela kwasezulwini (Dan. 7:13). Izingubo zakhe zelineni zisikhumbuza izingubo zobupristi (Lev. 16:4), okuyinto efanisa lomuntu "nesiKhulu samabandla" esivezwe ngokuqondene nendlu engcwele yasezulwini (Dan. 8). Igolide nalo libandakanywa nezingubo zobupristi njengophawu lokuhlonipheka kwasebukhosini. Okokugcina, ukufaniswa kwalomuntu nonyazi, umlilo, ithusi, nezwi elinamandla kusinika isithombe sokuthi akusiye umuntu wasemhlabeni. Lo, umuntu onezimpawu zobupristi, zobukhosi, nezamabutho. Lomuntu futhi ubonakalisa ukufana nalowo wasezulwini owabonakala kuJoshuwa ngaphambi kwempi eyahlasela iJerikho (Josh. 5:13, 14). Embonweni, uJoshuwa wabona "umkhuzi wempi kaNkulunkulu". Kuyathathekisa ukuthi igama lesiHeberu elihunyushwa ngokuthi "umkhuzi" (sar) lapha, kuseyilo futhi elihunyushwe ngokuthi "isikhulu" ngokubhekise kuMikhayeli kuDaniyeli 10:21. Kodwa kukhona ukufana okusondelene phakathi kukaDaniyeli noJohane.

Sithola kuphi okufanayo phakathi kombono kaDaniyeli 10 naleyo eku Joshuwa 5:13-15 neSambulo 1:12-18?

NgokukaDaniyeli, labo ababenaye bethuka, kanti uDaniyeli yena waphelelwa amandla wawa phansi. Ukubonakala kobukhona bukaNkulunkulu bamugabha. Kodwa noma wayesaba kangakanani ekuqaleni, umbono kaDaniyeli uyatshengisa ukuthi uNkulunkulu uyabusa emlandweni. Ngempela, njengoba uqhubeka umbono, sizobona ukuthi uNkulunkulu unika uDaniyeli ufifana ngomlando wabantu kusukela ngezikhathi zomprofethi kuze kube kumiswa umbuso kaNkulunkulu (Daniyeli 11 no 12).

Uma, njengoba sibonile izikhathi ngezikhathi kuDaniyeli, uNkulunkulu ekwazi ukugcina umlando wabantu ngaphansi kwesandla saKhe, yini angasenzela yona thina ngabanye ngabanye?

Ukuthintwa Yingelosi

Funda kuDaniyeli 10:10-19. Kwenzekani sonke isikhathi ingelosi ithinta uDaniyeli?

Ngokuthathekiswa yinkazimulo yokukhanya kwasezulwini, umprofethi uyawa. Kwase kuqhamuka ingelosi, yamthinta, yamduduza. Njengoba siyifunda lendaba, qaphela ukuthi ingelosi ithinta uDaniyeli izikhathi ezintathu. Ukuthinta kokuqala kwenza umprofethi akwazi ukuma, ezwe amazwi enduduzo avela ezulwini: 'Ungesabi Daniyeli, ngokuba kusukela ngosuku lokuqala owabeka ngalo inhliziyo yakho ukuqonda nokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wakho amazwi akho ezwiwa; mina ngifikile ngenxa yamazwi akho " (Dan. 10:12). Umthandazo kaDaniyeli wanyakazisa amazulu. Kithina, lokhu kuyisiqiniseko sokuthi uNkulunkulu uyayizwa imithandazo yethu, okuyisiduduzo esikhulu ngezikhathi zokuhlupheka.

Ukuthinta kwesibili kwenza uDaniyeli akwazi ukukhuluma. Umprofethi uthulula amazwi akhe phambi kukaNkulunkulu, ezwakalisa imizwa yakhe yokwesaba: " 'Nkosi yami, ngenxa yombono imihelo ingehlele, angisenamandla. Inceku enje yenkosi yami ingakhuluma kanjani nenkosi yami enje na? Ngokuba mina, khona lapho akusalanga mandla kimi, nokuphefumula bekungasekho kimi' " (Daniyeli 10:16, 17). Kanjalo-ke, uNkulunkulu akakhulumi nathi nje; ufuna sivule imilomo yethu ukuze simtshele ngemizwa yethu, izidingo zethu, nezifiso zethu.

Ukuthinta kwesithathu kumnika amandla. Njengoba uDaniyeli ezibona ukungafaneleki kwakhe, ingelosi iyamthinta, imduduze ngokuthula kukaNkulunkulu: " 'Ungesabi, muntu othandekayo; ukuthula makube kuwe; qina, yebo, mawuqine!' " (Dan. 10:19). Khumbula ukuthi ingelosi ithunyelwe kuDaniyeli njengempendulo yemithandazo yakhe, ukuze imnike ukuqonda. Ngamanye amazwi, umbono olandelayo esahlukweni 11 kuzokuba ohlose ukukhuthaza uDaniyeli njengempendulo yokuzila kwakhe nokuzindla ngesimo esasikhona ngaleso sikhathi eJerusalema. Uma sinoNkulunkulu ohlangothini lwethu, singaba nokuthula ngisho noma sibhekene nokuhlupheka. Ukuthinta kwaKhe ngothando kusenza sibuke ikusasa ngethemba.

"Kithina bantukazana, izulu lingaba seduze kakhulu."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* ikhasi 48. Kukangaki uke ucabange ngokuthi izulu nomhlaba kusondelene kangakanani? Ungaphila kanjani ngokwehlukile uma bewungagcina leliqiniso liphila njalo enhliziyweni nasengqondweni yakho?

Impi Enkulu

Funda kuDaniyeli 10:20, 21. Yini eyembulelwa uDaniyeli lapha?

Isithunywa sasezulwini sivula isihenqo, sembulele uDaniyeli impi yasemkhathini eqhubekayo emlandweni wabantu bengaboni bona. Uma-nje eqala ukuthandaza uDaniyeli, kusuka impi yakwamoya phakathi kwezulu nomhlaba. Izidalwa zasezulwini zabambana nenkosi yasePheresiya ukuthi kudedelwe amaJuda aqhubeke nokwakha kabusha ithempeli. Siyazi, ngokubhalwe ekuqaleni kukaDaniyeli 10 ukuthi inkosi yasePheresiya kwakunguKoresi. Kodwa, inkosi yenyama iyodwa ayikwazi ukumelana nesidalwa sasezulwini. Lokhu kusho ukuthi ngemuva komuntu, kukhona amandla kamoya aqhubukusha uKoresi ukuthi avimbele amaJuda ukuthi angaqhubeki nomsebenzi wokwakha ithempeli. Kunesimo esifanayo kuHezekeli 28, lapho inkosi yaseTire imele uSathane, lawomandla akwamoya angemuva kwenkosi yenyama yalapho. Ngakhoke akufanele kusimangaze ukuthi amakhosi asePheresiya lawo okwenza uMikayeli ukuzokulwa nawo, abandakanya noSathane nezingelosi zakhe. Lokhu kuyakhombisa ukuthi ukuphikisa kwabantu ukwakha ithempeli eJerusalema kunozakwabo kwezakwamoya.

Funda kuDaniyeli 10:13. Uhlobo luni lwempi echazwayo lapha?

"Ngesikhathi uSathane wayelwa ezama ukufaka umoya emakhosini amaMedo-Pheresiya ukuba engenzi umusa ebantwini bakaNkulunkulu, izingelosi zazenzela abathunjwa umsebenzi. Lonke izulu lalinomdlandla kulempi. Ngomprofethi uDaniyeli, siyalunguziswa kulomzabalazo omkhulu ophakathi kwemimoya yokulunga neyobubi. Amasonto amathathu, uGabriyeli wayebambene namandla obumnyama, efuna ukunqoba umthelela owawusebenza emqondweni kaKoresi; kanti ingakapheli lempi, uKrestu uqobo, weza ukuzolekelela uGabriyeli. 'Isikhulu sasembusweni wamaPheresiya samelana nami izinsuku ezingamashumi amabili nanye,' kusho uGabriyeli; 'kepha bheka, uMikayeli, omunye wezikhulu zokuqala, weza ukungisiza; noma kade ngishiyiwe ngedwa khona namakhosi asePheresiya.' Daniyeli 10:13. Konke izulu elalinokukwenzela abantu bakaNkulunkulu, kwenziwa. Kwatholakala ukunqoba ekugcineni; imimoya yesitha yaxoshwa kuzo zonke izinsuku zikaKoresi, nasezinsukwini zendodana yakhe uKhambisise, owabusa isikhathi esingangeminyaka eysisikhombisa nesigamu."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, amakhasi 571, 572.

Isikhulu Esinqobayo

Umuntu ogqame kunabo bonke encwadini kaDaniyeli yilowo obizwa ngokuthi “iNdodana yoMuntu” ekuqaleni (Dan. 7:13) noma “iSolji;I sebamd;a” (Dan. 8:11. Ekugcineni sithola ukuthi igama lakhe uMikayeli (Dan. 10:12), elisho ukuthi “ubani ofana noNkulunkulu?” Uze ukusiza uGabriyeli empini nenkosi yasePheresiya (Dan. 10:13). Ingelosi ibiza lona wasezulwini ngokuthi u”Mikayeli iSikhulu senu” (Dan. 10:21), okusho isikhulu sabantu bakaNkulunkulu. UMikayeli uyavela kamuva encwadini kaDaniyeli njengaLowo omele abantu bakaNkulunkulu (Dan. 12:1). KuJuda 9, sifunda ukuthi uMikayeli, obuye abizwe ngengelosi enkulu, ulwa noSathane, avuse uMose ekufeni. ISambulo 12:7 siveza ukuthi uMikayeli umi njengomholi wempi yasezulwini, enqoba uSathane nezingelosi zakhe eziwile. Kanjalo-ke uMikayeli akusiye omunye umuntu, kodwa uJesu Krestu. Njengoba umbuso wasePheresiya unomkhuzi wamabutho, umkhuzi wakwamoya omi ngemuva komholi wenyama, kanjalo abantu bakaNkulunkulu banoMikayeli uMkhuzi omkhulu wabo, ongenelelayo ukubalwela nokubanqobela impi yasemkhathini.

Funda kwabaseKolose 2:15. UJesu ukuthole kanjani ukunqoba empini yasemkhathini na?

_____

_____

Njengoba sibhekene namabutho obubi, singaba nethemba kuJesu iqhawe lethu. Wehlula uSathane esaqala umsebenzi waKhe wevangeli. Empliweni yaKhe lapha emhlabeni, wehlula uSathane ehlane ngesikhathi ehlaselwa ngezilingo. Walwa namademoni, wakhulula abantu emandleni obumnyama. UJesu wehlula ububi nangesikhathi kucashe ngomzamo kaPetru wokumncenga ukuthi angayi eKhalvari. Emazwini aKhe okugcina kubafundi, uJesu wakhuluma ngokufa kwaKhe okwasekuseduze, ethi kuyimpi eyogcina ngokunqotshwa okukhulu kukaSathane: “Kalokhu kungukwahlulelwa kwalelizwe; kalokhu umbusi waleli zwe uzakuxoshwa. Mina, nxa ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke” (Johane 12:31, 32).

Ngesinye isikhathi siyabhekabheka, sibone ukuthi izinto zimbi ngempela. Udlame, ukungabikho kwezimilo, ukukhwabanisa, nezifo ziqhubuka yonke indawo. Isitha, esingenziwe ngenyama negazi, sisihlasela ngesihluku nxazonke. Kodwa noma zinzima kangakanani izimpi esizilwayo, uJesu uyasilwela, ame njengeSikhulu noMpristi oMkhulu endlini engcwele yasezulwini.

Funda kumaRoma 8:37-39. Singasenza kanjani isithembiso sokuba umnqobi sifezeke ekuphileni kwethu kobuKrestu na?

Ukujula Nomcabango:

"Amasonto amathathu, uGabriyeli wabambana namandla obumnyama, efuna ukuvimba lomthelela owawusebenza engqondweni kaKoresi…Konke lokho izulu elalingakwenzela abantu bakaNkulunkulu, kwenziwa. Ukunqoba kwazuzwa ekugcineni; amandla esitha avinjwa zonke izinsuku zikaKoresi, nazo zonke izinsuku zendodana yakhe uKhambesise."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, ikhasi 572.

"Yeka leyo nhlonipho engako iNkosi yezulu eyayinika uDaniyeli! Yaduduza inceku enguDaniyeli owayevevezela, yamnika isiqiniseko sokuthi umthandazo wakhe uzwakele ezulwini. Njengempendulo kulowo mthandazo oqinisekile, ingelosi uGabriyeli wathunyelwa ukuba athinte inhliziyo yenkosi yasePheresiya. Leyo nkosi yayikade imelane noMoya kaNkulunkulu emasontweni amathathu ngesikhathi uDaniyeli wayezilile, ethandaza, kodwa iSikhulu sasezulwini, ingelosi enkulu, uMikayeli, wathunyelwa ukuba aguqule inhliziyo yalenkosi enenkani ukuze yenze okufaneleyo, kuphendulwe umthandazo kaDaniyeli."—Ellen G. White, The Sanctified Life, ikhasi 51.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Nakuba singebona abantu bokuqala emlandweni wobuKrestu ukubona leliqiniso, njengamaSeventh-day Adventist, sikuvuma kakhulu ubukhona be "mpikiswano enkulu" noma umqondo wokuthi indalo yonke iyinxenye yomzabalazo omkhulu ophakathi kukaKrestu noSathane. Futhi sikholwa ukuthi wonke umuntu uyabandakanyeka kulempikiswano. Abanye, ngisho nabasezweni, bayakhuluma ngempi ethile esithinta sonke. Wena ikuthinte kanjani lempikiswano enkulu? Uyibone yenzeka kanjani kweyakho impilo?

2. Funda kwabase-Efesu 6:10-18. Qaphela imifuziselo yasempini esetshenziswa nguPawulu. Iyiphi imiyalo yempi esinikwa yona kulempikiswano enkulu na?

3. KuDaniyeli 10:11, ngokwesibili (bheka kuDan. 9:23) uDaniyeli ubizwa ngokuthi hamudot, noma "othandiweyo." Lokhu kusitshelani ngokuxhumana okusondelene nangemizwa, phakathi kwezulu nomhlaba na? Cabanga ngokwehluka okukhulu kwaleliqiniso uma liqhathaniswa nomqondo ogcwele emhlabeni wesimanje othi akekho uNkulunkulu . Ukubuka izinto ngendlela yeBhayibheli njengoba sibona kwenzeka kuDaniyeli, kusinika themba lini?